

## IMVUME YOKUBAMBA IQHAZA YENGANE/UMFUNDI WEBANGA 10, 11NO 12

### Lumayelana nani lolucwaningo?

Sixoxisana nentsha efunda ibanga 10, 11 no12, ukuze siqonde nezinye zezinto ezibalulekile entsheni, njengokuthatha izinqumo ngezizimali nezomnotho, imfundo, umsebenzi, ulwazi kuhlenganisa indlela intsha eziphatha ngayo uma kukhulunywa ngezindaba ezithinta impilo kulhanganisa igciwane lesandulela ngculaza nengculaza. Uzobuzwa imibuzo eminye yaya emayelana nezinto ezithinta wena ngqo, eziyimfihlo nalezo ezingakwenza uzenyeze / ungakhululeki. Ulwazi olunikezelayo luyimfihlo futhi akekho ozolubona ngaphandle kwabacwaningi ozobe uxoxisana nabo. awuphoqelekile okuphendula imibuzo ongathandi ukuyiphendula, futhi ungakumisa ukuba ukubamba kwakho iqhaza kulolucwaningo noma yinini.

### Yini engizoyizuka ngokubamba iqhaza kulolucwaningo?

Ngeke uthole nokhelo ngokubamba kwakho iqhaza. Izimpendulo zakho eziyiqiniso kulemibuzo yocwaningo, sizosisiza ukuthi siqonde kancono ukuthi intsha icabangani, ithini futhi yenzani. Izimpendulo zakho zizosiza ukuthuthukisa imfundo, izinhlelo zokuqeqesha ezimayelana nempilo eAfrika eseNingizimu, isize intsha yaseNingizimu Afrika iphile impilo ephilile/encono.

Ukubamba iqhaza ocwaningweni kuhlenganisa ukuphendula imibuzo yocwaningo, ethatha isikhathi esingalingana ne awa elilodwa. Singaphinda sikuthinte sicele ukuxoxisana nawe esikhathini esingaba yizinyanga ezingu 12 kuya ku 18. Sizocela ukuthi usazise uma kungenzeka usuke uyohlala kwenye indawo esikhathini esiyizinyanga ezingu 12 kuya ku 18 ezizayo.

### Ngakube ulwazi engilunikezayo / engilunikezelayo luyimfihlo?

Yize sizocela usinike igama nekheli lakho, lolulwazi luyosetshenziselwa ukuxhumana nawe uma sesifuna ukukhuluma nawe esikhathini esizayo. Lolulwazi luzogcinwa luyimfihlo akekho ozolubona ngaphandle kweqembu elenza ucwaningo. Siyokuthokozela kakhulu usizo lwakho ukuphendula lemibuzo.

Kunokwenzeka kuxhunyanwe nawe ukuthola ukuthi uyabuqonda yini ubungozi, inzuzo, nemigudu ezolandelwa uma kuqhutshwa lolucwaningo olujoyinayo. Uma ucelwa ukuba kuzoxoxiswana, ukhululekile ukwamukela noma ukusinqaba isicelo. Lonke ulwazi olunikezayo luzogcinwa / luyogcinwa luyimfihlo.

### Ngakube unayo imibuzo ngocwaningo noma ukubamba kwakho iqhaza?

Uyavuma / uyakwamukela ukubuzwa imibuzo namuhla / namhlanje?

(1) Yebo (2) Cha

Uyavuma ukuthi singaphinda sikuthinte sicele ukuxoxisana nawe esikhathini esizayo esingaba phakathi kwezinyanga ezingu 12 kuya ku 18 kusukela manje?

(1) Yebo (2) Cha

### Ubani engixhumana naye uma nginemibuzo ngalolucwaningo?

Uma ufuna ukucaciseleka nganoma ikuphi okuthinta ucwaningo, sicela ukhululeke ukubuza lowo ozobe exoxisana nawe / ekubuza imibuzo. Uma ngokuhamba kwesikhathi uphinda uba nemibuzo emayelana nocwaningo noma uthuthe, sicela uthintane noNksz. Kasthuri Govender (ucingo. 0785316714) noma uMnu. Emmanuel Mbatha (ucingo. 0785316572) bakwa Isihlangu Health and Development Agency, noma uDkt. Kelly Hallman we Population Council ([khallman@popcouncil.org](mailto:khallman@popcouncil.org) noma ucingo: 001 917 250 6400 noma 001 212 339 0687 [U.S.A. / Emelika]).